Downloaded from Stanmorephysics.com


# ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)
# IPHEPHA 1
# MAY/JUNE 2025

## EKURHULENI NORTH DISTRICT: BENONI CLUSTER

Stanmorephysics.com

| | |
|---|---|
| **SUBJECT** | **ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)** |
| **GRADE** | **10** |
| **IPHEPHA** | **Lokuqala (1)** |
| **YEAR** | **2025** |
| **TASK** | **Isivivinyo saphakathi nonyaka** |
| **TIME ALLOCATION** | **2 AMAHORA (HRS)** |
| **MARKS** | **80** |

Stanmorephysics.com

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

**1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:**

**ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa(30)**
**ISIQEPHU B: Ukufingqa(10)**
**ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi(40)**

**2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.**
**3. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.**
4. Dweba umugqa emva **KWESIQEPHU NGASINYE**.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo kahle ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha lemibuzo.
6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
7. Qaphela upelomagama Kanye nokwakheka kwemisho.

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**
**UMBUZO 1**

1.1. Fundisisa UMBHALO A bese uphendula imibuzo ezolanda.

**UMBHALO A (OFUNDWAYO)**

**Indlela Eya Empumelelweni Idlula Ebunzimeni**

1. Ziningi izinkinga ezibhekana nabafundi ngabodwana ezikoleni kodwa uma bebheke phambili bayakwazi ukudlula kuzona. Phela indlela eya empumelelweni inzima uma ungabuza asebaphumelela ungamangala. Konke lokhu kudinga ukuthi babekezele kwazise nenja iyawaqeda amanzi ngolimi.

2. Baqinisile uma bethi ikusasa lomuntu lisezandleni zakhe kumbe omunye athi ngikhombise abangani bakho ukuze ngikutshele ukuthi ikusasa lakho liyobanjani. Le nkulumo kujwayeleke ukuthi ibhekiswe entsheni. Ziningi izinqinamba abantwana abasafunda abhekana nazo. Iningi labo lezi zinkinga babhekana nazo ngabodwana bangakwazi ukuzitshela muntu.

3. Kwenye inkathi uthola ingane efunda esikoleni yenza izenzo ezingezinhle njengokuthi isebenzisa izidakamizwa. Lezi zidakamizwa yizo kanye ezigcina seziyibangela izinkinga kothisha nakwabanye abafundi imbala. Izithole seyinambanamba nje esikoleni. Kepha kwesinye isikhathi lokhu kuziphatha kwentsha kabi kanje kusuke kungekhona ukuthi kungoba isuke ingalaleli kumbe iphuma esandleni. Kwesinye isikhathi uyathola ukuthi kusuke kunesimo esithile esiyiphoqa ukuba izithole seyibukeka noma ichazeka njengabantu abangafuni ukutshelwa.

4. Kwenye inkathi uthola ukuthi kubakhona abantu emphakathini abasebenzisa yona intsha ukufezekisa izinhloso zabo embi ngenhloso yokuzithuthukisa bona. Uke uthole ukuthi intsha efundayo iphathiswa izidakamizwa ukuba iyozidayisa esikoleni ngenkani amanye amalunga omphakathi okhahlakele. Lezi zingane ziyayisatshiswa ngokuthi zizobulawa yilabo abazisebenzisayo uma zibadalula ukuthi bangobani. Lokhu kuba lukhunisatshe entsheni ngoba iyabambezeleka ezifundweni zayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com


5. Umfundi kusuke esebheke nenkanankana yenkinga ngoba kusuke kuyizifundo ngapha nalezi zidakamiswa okumele azitholele amakhasimende nothisha basuke bewufuna la umsebenzi wabo. Uzosithathaphi – ke umfundi isikhathi sokwenza umsebenzi wesikole? Lo msebenzi uba lukhuni enganeni ngoba lusuke lungakaqini ngokwanele ukhakhayi ukuthi seyingakwazi ukwenza izinto eziningi ngesikhathi esisodwa. Lapho umnikazi wezidakamizwa isuke engazibekile phansi naye eyifuna lapha inzuzo yakhe.

6. Nansi enye ingwadla ebhekene nabafundi. Abazali abaningi balahlekelwa imisebenzi izingane zabo zisafunda. Lapho ingane ibonakala ngombala esikoleni. Ayibinazo izinsizakufundo ezanele. Kumbe igugelwe umfaniswano wesikole. Lokhu kwenza umfundi aphazamiseke ezifundweni zakhe. Laba bafundi bayaphikelela nemfundo yabo nakuba isimo singabavumeli. Ubathole bebamba amatoho ngezimpelasonto ukuze phela balekelele abazali babo **ekuxosheni ikati eziko.**

7. Abanye abafundi uthola ukuthi abazali babo badlelwa imizi ngenxa yokulahlekelwa imisebenzi. Lokhu kumbangela ingcindezi umfundi ngoba abangani abekade ephilisana nabo bayamhlamuka bakhiphe inyumbazana ngoba isuke engasenayo imali yokuthi bahlanise izinto abafuna ukuzithenga esikoleni abazozidla. Impilo ayilula iyohlala inezinkinga. Kubalulekile ukuthi umfundi abekezele uma ehlangabezana nezinkinga ngoba kusuke kungaqali ngaye. Iningi labaphumelele basuke bedlule ebunzimeni.

1.1.1 Ngokwalesi sigaba sokuqala salendaba ikuphi odinga kukwenza ukuze uphumelele? (1)

1.1.2 Tomula igama noma amagama asitshela ukuthi wonke umuntu uziphathele ikusasa lakhe? (2)

1.1.3 Ngikwesigaba sesibili lenkulumo ijwayele ukubhekiswa kobani? (1)

1.1.4 Iziphi izingqinamba intsha esafunda ebhekana nazo? Bala kube KUBILI. (2)

1.1.5 Khetha igama elishaya emhlolweni kwalandelayo elichaza “ukuqina ukhakhayi”.

Downloaded from Stanmorephysics.com


(1)

A. Ukumbalela

B. Ukukhula

C. Ukuhlakanipha

D. Ukuzwela

1.1.6 Ikuphi okwenziwa abafundi ekwelekeleleni abazali babo? .(2)

1.1.7 Nikeza okukodwa okwenziwa umphakathi ukudicilela ikusasa lentsha? (2)

1.1.8 Chaza isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile esigabeni sesi-6. (2)

1.1.9 Qhathanisa okwenzeka empilweni yomfundi esigabeni design-3 kanye nearsighted-6. (3)

1.1.10 Ngokucabanga kwakho ngabe lokhu okushiwo umbhali ukuthi kumele ubekezele kubalulekile noma cha? Sekela impendulo yakho(2)

1.1.11 Iqiniso noma umbono ukuthi izingane ezikhula zihlupheka izona eziphumelelayo? Sekela impendulo yakho. (2)

Stanmorephysics.com

[20]

## UMBHALO B( OBUKWAYO )


Downloaded from Stanmorephysics.com


Bukisisa lezi zithombe ezingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

1



2



3



4




1.2.1 Shono ukuthi yini eyenzeka esithombeni soku-1. (2)

1.2.2 Chaza kafushane ngokwenzeka esithombeni sesi-2 kanye nesesi-3. (2)

1.2.3 Imuphi umehluko phakathi kwezithombe zokuqala ezimbili kanye nezithombe ezimbili zokugcina? (2)

1.2.4 Ngabe isenzo sowesifazane esitholakala esithombeni sesi-4 samukelekile

yini? Sekela impendulo yakho.(2)

1.2.5 Namhlanje sinabantu abaningi abahlala emgwaqeni ngezizathu ezahlukene. Ngabe uyazwelana nabo noma cha sekela impendulo yakh. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


[10]

**AMAMAKI ESEWONKE ESIQEPHU A: [30]**

**ISIQEPHU B: UKUFIGQA**
**UMBUZO 2**

Fundisisa UMBHALO C ongezansi bese uwufingqa ngamaphuzu ayi-7, ubhale ngezimpawu zengcindezi.

**IMIYALELO**

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/angadluli kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

**UMBHALO C (OFUNDWAYO)**

**AMAQINISO ANGEPHIKISWE MAYELANA NODLAME LWASEKHAYA**

Udlame lwasekhaya yinto yansuku zonke emindenini eminingi. Lo mkhuba ubuvamile nakudala kodwa ufihlwa.Izisulu zokuhlukunyezwa kuvame ukuba abantu besifazane nezingane.

Nakuba abantu besifazane kuyibona abavikelwa kakhulu kodwa iqiniso limile ukuthi akubona bodwa abahlukunyezwayo. Abantu besilisa nabo bayaba izisulu zalokhu kuhlukumezeka. Abesilisa bayathula bazivalele ekhoneni ngenkinga ababhekane nayo yokuhlukunyezwa.

Izisulu zabesilisa nabesifazane zibhekana nokugxekwa ngokwesiko. Uzwa bethi indoda enjani eshaywa umfazi. Lezi zinkulumo yizo ezenza ukuthi balibekezelele ibhodwe elishisayo ukuze bavikele isithunzi sabo. Nabesifazane uma bebalekela ukuhlukunyezwa beshiye imizi yabo, nabo bayagxekwa.

Downloaded from Stanmorephysics.com


Kuyabatshazwa kuthiwe mfazi muni lo obalekela umuzi wakhe.

Akulula ukuphuma ebudlelwaneni noma ngabe uhlukumezeke kangakanani. Isikhathi nje sisodwa siyimali ngakho abanye basuke bekhalela isikhathi sabo abasichithile. Abanye bakhalele izinto zabo zemali eshisiwe njengezimpahla ezibizayo ezizobalahlekela uma bephuma ebudlelwaneni. Okukhulu kunakho konke basuke bengenaso isiqiniseko sokuthi okubehlele ngeke kuphinde yini kubehlele uma beqala ubudlelwano obusha.

Ukubhekana nokuhlukunyezwa kungaba nezinselelo ezahlukene ezinzima. Lesi saga esithi eyomndeni ayingenwa siqinisile. Kubuhlungu ukugxambukela ezindabeni zabantu ababili ngesinye isikhathi ngoba ababe besasho uma sebexolelene. Abahlukunyezwayo abalutholi usizo ngokushesha ikakhulukazi kubantu abasondelene nabo.

Nakuba kusuke kulwa abantu abadala kodwa nezingane ziyawathola amachaphazelo, okuba yizisulu zodlame lwasekhaya. Lokhu kwenziwa ukuthi abanye abazali ababe besaba naso isikhathi sokunaka izingane zabo ngoba bachitha isikhathi esiningi bebhekene nezimpi zabo

Udlame lwasekhaya lunemiphumela engemihle ikakhulukazi kwabesifazane nezingane. Singabala ukuzinikela ngokweqile ezidakamizweni kanye nasophuzweni oludakayo. Alubuye uthando ebantwini. Ikhaya liyikhaya elifudumele ngenxa yothando.

[Sicashunwe ku-inthan ethi sabuye sahlelwa kabusha]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## WOZA UZOTITILIZA AMATEKI e-TEKKIE SHOP

Gqoka amateki ephupho lakho ngamanani amangalisayo!







**PHUTHUMA!**

Abangama – 20 bokuqala bazothola i-*sneaker cleaner* MAHHALA!

Sicela ufike, amateki azobe **ebuthwa phansi.**

Usuku: 28–29 Novemba 2022

Isikhathi: 07:00 ekuseni–17:00 ntambama

Amateki abesilisa nawabesifazane azobe eqala ngama-R250–R500

**IMBILA YASWELA UMSILA NGOKUYALEZELA**

Shop 126
Bertha Mkhize Street
Durban
4001
Ucingo: 031 304 3565

Isikweletu asivumelekile.

3.1 Sibhekiswe kobani lesi sikhangisi? (1)

3.2 Tomula izindlela ezintathu zokukhangisa ezitholakala kulesi sikhangisi. (3)

3.3 Nikeza izindlela ezimbili ongathola ngakho okukhangiswayo. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


3.4 Chaza isimo sokhuluma " imbila yaswela umsila ngokuyalezela" (2)

3.5 Tomula isifengqo esitholakala kulesi sikhangisi bese ugagula uhlobo lwaso.(2)

[10]

**UMBUZO 4**

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**




4.1 Yini eyenza ukuthi uJoe aguqe? (1)

4.2 Bhala OKUKODWA okukhombisa ukuthi uNomali udiniwe/uthukuthele kule khathuni? (1)

4.3 Bhala izingcezu zenkulumo ezakha leli bizombaxa/ngxube elilandelayo. umhlalaphansi. (2)

4.4 Qedela lesi simo sokukhuluma ngamagama afanele.

Kulele kunye ukube ... (2)

4.5 Bhala umusho ophelele osenkulumweni kaNomali ositshela ukuthi sebethandane isikhathi eside noJoe. (2)

4.6 Abantu abasebancane abafuna ukushada nabantu asebebadala basuke befuna ukudla imali yempesheni yabo. Uyavumelana noma uyaphikisana

Downloaded from Stanmorephysics.com


nalo mbono? (2)

[10]

**UMBUZO 5**

5.1 Fundisisa UMBHALO F bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO F (OFUNDWAYO)**

Kunomkhuba omubi owande emhlabeni wonke. Kukhona abantu abantshontsha izingane. Bazintshontsha ezibhedlela, ezikoleni nasezindaweni eziphithizelayo njengase-Mall, emini kabha.

Ziningi izizathu zokuntshontshwa kwezingane. Abanye basuke bezozidayisela labo abangatholi abantwana. Abanye bazidayisele abakwamanye amazwe abenza ibhizinisi lokuzisebenzisa njengezigqila zocansi. Izinyanga nazo ziyazithenga ngoba zifuna ukuthatha ezinye izitho zomzimba khona zizokwenza imithi. Bathi imithi isebenza kahle uma kutholakale usana ngoba alunaso isono. Laba bantu izigilamkhuba zoqobo. Amaphoyisa angazibopha uma engasebenza kanzima.

Ubuntu buphelile. Kumele kuhlonishwe ilungelo lomuntu lokuphila. Ingane iyisibusiso esivela kuMdali. Amazwi eBhayibheli athi; 'Ungabulali, ungebi.' UHulumeni yena uthi; 'Ngizomfaka ejele ozotholakala entshontsha ingane.'

[Umbhalo wokuziqambela]

5.1.1 Bhala isinciphiso segama elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo:

**Kunomkhuba** omubi owande emhlabeni wonke. (2)

5.1.2 Bhala igama ELILODWA elisesiqeshini esikhundleni salo musho olandelayo:

Downloaded from Stanmorephysics.com


Ingane encane esanda kuzalwa. (1)

5.1.3 Funda umusho olandelayo bese ubhala ukuthi ibizo elibhalwe ngokugqamile liluhlobo luni:

Laba bantu **izigilamkhuba** zoqobo. (2)

5.1.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isenzo esibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo sikuyiphi indlela?

Amaphoyisa **angazibopha** uma engasebenza kanzima.

A Indlela yamandla

B Indlela ephoqayo

C Indlela yesimo

D Indlela yenhloso (1)

5.1.5 Bhala igama elinomqondo ophikisana naleli elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo:

Ingane **iyisibusiso** esivela kuMdali. (1)

5.1.6 Sebenzisa igama 'inyanga' emshweni ozakhele wona ukuze kuvele

incazelo ehlukile kunale esesiqeshini. (2)

5.1.7 Guqula isenzo esikubakaki emshweni olandelayo ukuze kuvele umqondo (impambosi) yokwenzela:

Izigebengu (zidayisa) abafuna izingane ezintshontshiwe. (1)

5.1.8 Khetha isenzukuthi esifanele kulezi ezilandelayo bese ugcwalisa isikhala emshweni olandelayo:

[qwa, hlwi, bha, bhuqe]

Izingane bazifihla sekumnyama ... (1)

5.1.9 Tomula igama eliyisandiso senkathi emshweni olandelayo bese ulisebenzisa emshweni ozozakhela wona ongafani nalona osesiqeshini.

Izingane zintshontshwa emini ezikoleni. (2)

5.1.10 Guqula le nkulumo-ngqo ibe yinkulumo-mbiko emshweni olandelayo:

UHulumeni yena uthi; 'Ngizomfaka ejele ozotholakala entshontsha ingane yami.' (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


5.2 Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo ezolandela:

**UMBHALO G (Ofundwayo nobukwayo)**




5.2.1 Lungisa amaphutha emshweni olandelayo:

Phela kulomuzi ongenhla njalo ngolwesihlanu ebusuku ziyaduma. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


5.2.2 Chaza isimo sokukhuluma esibhalwe ngokuqgamile kulo musho ocashunwe enkulumweni kaPule.

Kufanele **sihlanganise amakhanda** sibone esingakwenza singomakhelwane.(2)

5.2.3 Hlobo luni lwesifengqo oluqukethwe yilo musho olandelayo?

Bekudansa izindonga lapha kwami. (1)

[20]

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**

**AMAMAKI ESEWONKE: 80**